# ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA (FAL)

## IPHEPHA LOKUQALA (P1)

## JUNI 2014

**SENIOR CERTIFICATE**

**IBANGA LE-12**
**(GRADE 12)**

AMAMAKI: 80

ISIKHATHI: amahora ama-2

Le liphepha linamakhasi ayi-13

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

## IMIYALELO

- Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

| | | |
|---|---|---|
| ISIQEPHU A: | Isivivinyo sokuqondisisa | (30) |
| ISIQEPHU B: | Ukufingqa | (10) |
| ISIQEPHU C: | Uhlelo nokusetshenziswa kolimi | (40) |

- Fundisisa yonke imiyalelo ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.
- Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
- Qala isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA bese udweba umugqa emva kwaleso siqephu.
- Bhala izinombolo zezimpendulo njengoba zibhalwe embuzweni.
- Shiya umugqa emva kombuzo ngamunye.
- Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.
- Qaphela upelomagama Kanye nokwakheka kwemisho.
- Ungahlukanisa isikhathi obhala ngaso ngokwalezi ziqephu:

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: | Imizuzu engama -45 |
| ISIQEPHU B: | Imizuzu engama -20 |
| ISIQEPHU C: | Imizuzu engama -55 |

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha

## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

### UMHUZO 1

- Fundisisa lesi siqephu esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**Uhlelo lwe-Big Brother Africa**

I-Big Brother uhlelo olukhonjiswa kumabonakude eziteshini ezikhokhelwayo ku-DSTV. Lolu hlelo lungumncintiswano oluhlola indlela yokuziphatha kwalabo abawungenele. Kubukwa indlela abaziphatha ngayo abantu abaphila ezindaweni Imvamisa abangenela lo mncintiswano kuba abantu abasha abavela emazweni ahlukene ase- Afrika. Lapha kubalwa amazwe anjengo: Malawi, Ningizimu Afrika, Kenya, Ghana, Ethiopia, Botswana, Uganda, Zambia, Namibia, Nigeria namanye amazwe. Kumele basebenzise ulimi lwesiNgisi kuphela lapho bekhuluma.

Abathandi balolu hlelo balubuka ubusuku nemini ungafunga ukuthi nabo sebeyingxenye (part) yalabo abancintisanayo. Abanye baze bathathe isikhathi sabaqashi belubuka komakhalekhukhwini babo. Lokhu bakwenza emva kokuthenga uhlelo lokubuka umabonakude kumakhalekhukhwini. Abagcini ngokulibuka kuphela, nabo bathumela imiyalezo ngalabo ababathandayo. Leyo miyalezo ivezwa kumabonakude yenzelwa nalabo abangenaso isikhathi sokuyibuka bakwazi ukubona ukuthi yibaphi abenza lolu hlelo lube mnandi. Bayabavotela ukuze bagcine behleli kulo mncintiswano. Abathola amavoti amancane bayaphuma (evicted) kulo mncintiswano.

Ababukeli bayavotela kuze kusale oyedwa. Loyo owinile uthola isigidi samarandi. Ngonyaka odlule intokazi engu-Dellish wawina izigidi ezintathu zezinkulungwane zamarandi. Le mali uyithola usebenzile ngoba kunezinkinga ezithile okufanele ukwazi ukuzinqoba (conquer) ngobuhlakani. Kunemithetho nemibandela (terms and conditions) okufanele bayigcine kulo mncintiswano. Umuntu uma ekudelela kumele ukhulume naye ngendlela efanele. Uma uvumela ukulawulwa yinhliziyo ungagcina usulwa (fight) bese kuba ukuphuma kwakho kulo mncintiswano ka-Big Brother. Abanye bafuna ukubakhipha ngokubafaka umunwe esweni.

Kuyaye kube nendlu noma izindlu eziphiwa amagama. Abangenele lo mncintiswano bahlaliswa nabantu abangabazi abavela kwamanye amazwe ase-Afrika. Lapho-ke kusuke sekuqale wona umshikashika. Kunamakhamera aqapha/abheka ubusuku nemini akhombisa konke okwenzekayo. U-Big Brother naye usuke ebabuka. Indaba yezimfihlo (secrete) ayikho lapha. Ukushayisana ngokwendlela yokuziphatha kubonakala uma sekukhona abaxabene.

Abantu abahleli kule zindlu abakwazi ukukhuluma nabanye abangaphandle. Omakhalekhukhwini kanye namaphephandaba akuvunyelwe (not allowed) kule zindlu. Izincwadi zenkolo njengeBhayibheli, i-Quran nezinye, ezivunyelwe ukuba bangene nazo. Usuke unqanyulwe (cut) ngempela empilweni oyijwayele. Abanye ubafica sebekhala ngoba bakhumbula (missing) imindeni, abangani nezithandwa zabo.

U-Big Brother uba nezinto abanika zona ukuba bazenze zonke izinsuku. Kuleyo misebenzi abanikezwa yona ozoyenza kahle uba nethuba lokuthola isikhundla sokuphatha kuleyo ndlu isonto elilodwa. Kwesinye isikhathi kuyaye kube mnandi ngoba kuba namaphathi nokudla okuningi. Amanzi amponjwana nawo aba maningi. Abanye

baveza imibala yabo uma sebeqiwe ngamponjwana. Abathengi lutho ngisho uswidi lo. Ufika nezingubo zakho zokugqoka kuphela. Kulabo abasuke bengenele lo mncintiswano kusuke kukhona abanamakhono anjengokucula, ukuphatha kwezamabhizinisi, ezezimfashini, ukupheka, ukudweba, njalonjalo. Bayaye bafundisane ngolwazi namakhono abanawo.

Abancintisanayo abahlali banethezeke (relaxed) ngoba isonto nesonto kufanele kube khona ophumayo. Yisikhathi esinzima leso ngoba akekho othemba omunye, ikhohlisana ihlomile phela. Ujikelwa nangumuntu obucabanga ukuthi umngani wakho akuvotele kulabo abazokhishwa. Ukuziphatha (behaviour), ukukhuluma kanye nokubhekana nezinkinga yikhona okwenza bangasheshi baphume kulo mncintiswano. Abanye abangakwazi ukubekezela basheshe babonakale. Izwi lika-Big Brother nalo lenza bahlale bevule izindlebe ngoba akafuni ukumemeza angalalelwa. Kwesinye isikhathi ubabuza imibuzo enzima (difficult) okufanele bayiphendule kule ndlu axoxa nabo ngamunye ngamunye kuyo. Uyabayala ukuthi bangasho lutho ngabakuxoxile.

Ngokuhamba kwezinsuku, amasonto nezinyanga kuya kukhanya ukuthi obani abazofika ekugcineni komncintiswano. Imiyalezo yababukeli iveza amagama alabo ababathandayo. Amavoti angena engenile. Kugcina kucacile ukuthi ngubani ozonayo. Ngelanga lokuvala bonke ababengenele lo mncintiswano babakhona bezohalalisele loyo owinile. Bayajabulelana kuthi nalabo abahamba kukubi bayakudlulisa (ignore) lokho. Umculo, ingqephu nezihlwele kusuke kwenza ukuvalwa kohlelo kube kuhle kakhulu.

1.1.1 Ngobani abangenela lo mncintiswano we- Big Brother? (1)

1.1.2 Ngokwale ndaba engenhla yini i-Big Brother? (2)

1.1.3 Bhala izinto EZIMBILI zokuxhumana ezingavunyelwe kulo mdlalo (2)

1.1.4 Bhala indlela EYODWA kwezibaliwe esiqeshini ezisetshenziswayo kuqapha abadlali balolu hlelo. (1)

1.1.5 Khetha impendulo kubakaki echaza igama eligqamile kulo musho olandelayo.

"Lapho-ke kusuke sekuqala **umshikashika**".

Kusho: (umsebenzi, umdlalo omkhulu, umsebenzi onzima). (1)

1.1.6 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezilandelayo njengoba zisetshenzisiwe endabeni.

1.1.6.1 Ukufaka umunwe esweni. (2)

1.1.6.2 Uma sebeqiwe amanzi amponjwana. (2)

1.1.7 Bakhethwa kanjani abantu abazowina kulo mncintiswano? (1)


1.1.8 Endabeni oyifunde ngenhla ngabe yikuphi abakufunda kwabanye laba abancintisanayo kulolu hlelo? Bhala OKUBILI. (2)

1.1.9 Yini eyenza kusetshenziswe ulimi lwesiNgisi kuphela kulo mncintiswano? (2)

1.1.10 Ngabe iqiniso noma umbono ukuthi lo mncintiswayo usebenzisa imali eningi? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMABILI. (2)

1.1.11 Ngokucabanga kwakho kufanele yini lolu hlelo lwe-Big Brother luqhubeke? Sekela impendulo yakho. (2)

1.2 Bukisisa lesi thombe esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela:




*Isizulu soqobo ibanga le-9*

1.2.1 Bazokwenzani laba bantu abasesithombeni esingenhla? (1)

1.2.2 Humusha la mazwi ngolimi lwesiZulu "I have passed Grade-9." (2)

1.2.3 Khetha impendulo efanele kubakaki;

Lona ohlezi phansi ubuso bakhe bukhombisa;

(ukujabula. ukukhathazeka, ukunganaki). (1)

1.2.5 Bhala izizathu EZIMBILI ezenza ukuthi abantu bangayitholi imisebenzi kalula. (2)

1.2.6 Ngabe sinjani isimo sezulu (weather) kula bantu abasesithombeni. Sekela impendulo yakho. (2)

1.2.7 Ngokucabanga kwakho yini engenza ukuthi umuntu abe namathuba angcono okuthola umsebenzi. (2)

**AMAMAKI ESIQEPHU A:30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

## UMBUZO 2

Fundisisa lesi siqeshana esingezansi esimayelana ngokubaluleka kwegama lomuntu bese usifingqa ngamagama akho angamaphuzu ayisikhombisa.

**IMIYALELO:**

- Bhala amaphuzu ayi- 7 ngemisho ephelele. Amagama akho abe phakathi kwangama – 50 kuya kwangama – 60.
- Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela ku – 1 kuya ku – 7.
- Bhala iphuzu elilodwa kumusho ngamunye.
- Sebenzisa amagama akho emishweni.
- Ekugcineni kwamaphuzu onke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile.

**Ukubaluleka Kwegama Lomuntu.**

Igama lomuntu liyindaba enkulu. Yilo igama elehlukanisa umninilo kwabanye abantu, limenze ame yedwa. Ngakho ukuzithanda kwakhe umuntu kunamathelene nokuhlonipheka kwegama lakhe. Umuntu uyalazisa igama lakhe, ngakho- ke ufisa ukuba nabanye abantu balazise bangaliphathi kabi.

Ekhaya uma kuzalwa umntwana uqanjwa igama abazali bakhe. Kuba nezinto ezibhekwayo uma kuqanjwa ingane. Kungaba izimo ezithile umndeni obhekene nazo noma odlule kuzo ezinjengokujabula, ukwanda komndeni, izibusiso, ukubonga nokunye. Abazali bayakujabulela ukuthi umntwana alilandele igama lakhe elihle abamuphe lona. Ngokomthethosisekelo (constitutionally) ingane inelungelo lokunikwa igama abazali bayo.

Igama libalulekile noma ingane isingena esikoleni. Yilona ebhaliswa ngalo uma ifika esikoleni. Kuyenzeka zibe namagama afanayo bese zihlukaniswa ngosuku lokuzalwa. Kuyenzeka ingane iphumelele kahle esikoleni, yilapho-ke igama layo lisuke seliqala ukuvela ngemisebenzi yayo.

Iba negama elihle kubazali ingane okuthi uma beyithuma isheshe isukume. Leyo

ngane ayigcini ngokuthokozisa abazali bayo kuphela kodwa umphakathi uyaziqhenya ngayo. Nanoma yimuphi umuntu uyazenzela igama elihle ngezenzo zakhe kwabanye abantu. Konke lokhu kubiza umzamo nokuzimisela. Igama lomuntu kufanele kukhulunywe kahle ngalo ukuze lingangcoliswa. Ukukhuluma kabi ngegama lomuntu kungenza ugcine sewumangalelwe ezinkantolo. Ukubiza umuntu omdala ngegama akukhombisi inhlonipho.

Emsebenzini uyakwazi ukuzakhela igama elihle. Ukuba nemisebenzi emihle kwakha igama lakho noma ungasekho. Lokhu sikubona ngokuthi amagama abantu anomlando, kuqanjwe ngawo imigwaqo, izikole, izibhedlela, nokunye. Umuntu uyalisebenzela igama lakhe ukuze lihlonipheke. Ngakho-ke kufanele ulihloniphe ungalihuduleli phansi igama lakho.

**AMAMAKI ESIQEPHU B:10**

## ISIQEPHU C : UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI

### UMBUZO 3

Bukisisa lesi sikhangisi bese uphendula imibuzo ezolandela.

# INQUBEKO TOURISM

**PHUMA USHAYWE NGUMOYA!!!**

Uhlala eNingizimu Afrika?

Awunayo imali yokuvakasha?

INQUBEKO TOURISM IZOKUSETHA NGAMANANI APHANSI!!!

ANGEKE UPHINDE UFUNE UKUYA KWENYE INDAWO.

Abahleli be-Inqubeko Tourism bahlela uhambo oluya eKapa njalo ngenyanga.

- Uhamba izinsuku eziyi- 9.
- Uhamba ngebhasi likanokusho.
- Ulala ehhotela eliphambili.
- Uthola ibhulakifesi nedina

**Izindawo abazokuvakashisa kuzo:**

*Ostrich Farm* *Cango Caves* *Golden Acre*
*Robben Island* *Table Mountain* *Canal Walk*

Kuhanjwa nge-Garden Route ethatha amehlo nobukhazikhazi obudlisa ngobuhle bemvelo.

*Sithinte:*

Inqubeko Tourism.

PO Box 296

Durban

4001

inqubeko.tourism@gmail.com.

(031) 301- 5214

*Own source*

3.1 Yini ekhangiswayo kulesi sikhangisi esingenhla? (1)

3.2 Kungabe sibhekiswe kobani lesi sikhangisi? (1)

3.3 Iyiphi indawo ongaya kuyona uma ufuna ukubona izinyoni ezinkulu? (1)

3.4 Bhala izinto EZIMBILI ezingenza izivakashi zithande ukuthatha lolu hambo. (2)

3.5 Khetha impendulo efanele kubakaki:

Igama "**izokusetha**" liqonde/lisho ukuthi:

(izokuvakashisa, izokukhokhela, izokulungisela) (1)

3.6 Tomula umusho onolimi olukhohlisayo otholakala kulesi sikhangisi. (2)


3.7 Inqubeko Tourism ikusiphi isiFundazwe la eNingizimu Afrika? (1)

3.8 Kungabe iqiniso noma umbono ukuthi lolu hambo lungakufundisa ngoMlando (History) WaseNingizimu Afrika? Sekela impendulo yakho. (2)

**[10]**

## UMBUZO 4

Bukisisa le khathuni bese uphendula imibuzo ezolandela.




*Sicashunwe ku-IsiZulu Soqobo Ibanga le-12*

4.1 Yini eyenza lo mfana ohlezi phambili avale izindlebe? (1)

4.2 Sakhiwe eduze kwakuphi lesi sikole? (1)

4.3 Yisiphi isikhalazo (grievance) salaba bafundi abasesithombeni? (2)

4.4 Uqonde ukuthini uThishanhloko uma ethi; 'Asiyindawo lesi sikhumulo sezindiza? (2)

4.5 Bhala kube KUTHATHU okungaba nomphumele omubi kubafundi ngokwakhiwa kwalesi sikole kule ndawo. (3)

4.6 Iliphi ilungelo laba bafundi abaphucwa lona? (1)

**[10]**

## UMBUZO 5

5.1 Fundisisa lesi siqeshana bese uphendula imibuzo elandelayo.

Umcimbi we-Matric Dance ungeminye ebaluleke kakhulu kubafundi bebanga leshuminambili. Phela basuke begubha (celebrate) ukuqeda iminyaka eyi-12 bengabantwana besikole. Basuke sebejahile bekujabulela nokuyofunda imfundo ephakeme, abanye basuke beyosebenza.

Ukulungiselela lo mcimbi ngenye yezinto ezithokozisa kakhulu abafundi kanye nabazali. Phela lokhu kusho ukuphela kwesigaba esithile empilweni yabo, sekuzoqala implo entsha.

Lolu suku lulungiselwa kusuka ekuqaleni konyaka. Kubazali kuguga amaphakethe kubekwa imali yezingubo zikanokusho. Ngelanga lomcimbi kuyaye kube nomncintiswano walabo abasuke begqoke kahle kakhulu kunabanye. Akugcini lapho namahhotela aqashwayo yilawo amba eqolo, asetshenziswa ngomtakabani. Ezinye izikole zihlobisa amahholo azo kahle aze afane nalawo asuke eqashiwe (hired) ezindaweni zasemadolobheni.

Ngesonto elingaphambi kwalolu suku imiqondo yabafundi iyaye ithi ukuphuma kancane ezincwadini. Ingani phela kumele kuphothulwe amalungiselelo. Kulungiswa izinwele, kucelwe ophathini abazohamba nabo, kanye nokunye okuqondene nalo mcimbi. Abanye abafundi bagcina sebekhohliwe ukuthi usuku olubalulekile yilolo okuphuma ngalo imiphumela. Ngalesisizathu ezinye izikole lomcimbi ziwenza

| |
|---|
| ekuqaleni kaunyaka ukuze abafundi bangaphazamiseki. |

5.1.1 Guqula igama elidwetshelwe emshweni olandelayo likhombe **indawo** bese uzakhela ngalo owakho umusho.

Balungisa umcimbi esikoleni. (2)

5.1.2 Bhala elinye igama elinomqondo ofanayo nelithi **'ukuphothula'** njengoba lisetshenzisiwe endabeni. (1)

5.1.3 Shono ukuthi le misho elandelayo iyisitatimende, umbuzo noma umyalelo.

(a) Lungisani imiswenko kusanesikhathi bafundi. (1)

(b) Abafundi badinga izimali ezishisiwe ukulungiselela umcimbi kamatikuletsheni kanti abazali abanamali. (1)

5.1.4 Faka izijobelelo ezifanele kule zenzo ezidwetshelwe ukuze imisho izwakale kahle.

5.1.4.1 Abazali bakhokha izingane emcimbini. (1)

5.1.4.2 Othisha babamba nabazali ukuze yonke into iphumelele. (1)

5.1.5 Khetha impendulo efanele kubakaki.

Into emba eqolo yinto (emnandi, ebizayo, ebuhlungu ). (1)

5.1.6 Bhala **isinciphiso** segama elidwetshwele bese ulisebenzisa emshweni ozozakhele wona.

Ukulungisa izinwele kudla imali eningi. (2)

5.1.7 Funda lo musho olandelayo bese ulungisa amaphutha (punctuation):


Ngalesisizathu ezinye izikole lomcimbi ziwenza ekuqaleni kaunyaka ukuze abafundi bangaphazamiseki. (3)

5.1.8 Bhala igama eliphikisa leli elidwetshelwe:

Lolu suku lulungiselwa kusuka ekuqaleni konyaka. (1)

**[14]**

5.2 Bukisisa lesi sithombe bese uphendula imibizo elandelayo.




5.2.1 La mazwi akulo musho olandelayo akhombisa yiphi inkolelo?

'Abesifazane abanakuma kule ndawo!' (1)

5.2.2 Yimuphi umuzwa ovuswa yila amazwi; "Awu! Kodwa Nkosi yami Koze kube nini sicindezelwe?" (2)

5.2.3 Khetha igama elifanele kubakaki:

Igama "Abazalwane" licheme ngokwe-:(-nkolo ,-politiki, -bulili) (1)

5.2.4 Tomula amagama akhombisa ukucwasa enkulumeni kaMfundisi. (2)

**[6]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C:40**

**AMAMAKI ESEWONKE: 80**